

HILLCREST HIGH SCHOOL



ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESI-3 (P3)

NOVEMBA 2021

IBANGA LE-11

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-6

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho (uhlaka) ngamaphuzu noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/Uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi angama-60

ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40

ISIQEPHU C: Amaminithi angama-20

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo ngaYINYE isihloko esifanele.

10. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Angikaze ngizizwe kanje. [50]
- 1.2 Lo unyaka engingasoze ngawukhohlwa (forget) . [50]
- 1.3 Ingane ehluphayo yenziwa ukungabukeli kubantu abadala. [50]
- 1.4 Ubuhle nobubi bokufunda sekusele isikhathi esincane kubhalwe. [50]
- 1.5 Ukungabi khona kwezemidlalo esikoleni yikona okuyimbangela yokunyuka kwezinga lokungahloniphi kwezingane esikoleni. Vumela noma uphikise lesi sihloko. [50]

Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.


1.6



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.7



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

1.8



[Sicashunwe ku-www.google.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: [50]

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umfowenu omdala uthola umsebenzi emva kweminyaka engasebenzi enkampanini enkulu eGoli.

Bhalela umfowenu **incwadi umbongele** ngale nhlanhla emvelele.

[30]**2.2 INCWADI YOKUZICHAZA (CV) KANYE NECWADI EYISIPHELEKEZELO**

UNomathemba Ngcobo oneminyaka engama-27, ohlala eHillcrest, ubone isikhangiso somsebenzi ephephandabeni Isolethu. Funda isikhangiso esilandelayo bese ubhala incwadi yokuzichaza kanye nencwadi eyisiphelekezelelo.

Isikhangiso sikamabhalane

IZenzele PTY inesikhala sabasebenzi ababili abangaba omabhalane ehhovisi layo elise 542 Bhatomu Road, Nyawushane, 5400. Uumntu oyothathwa kumele abe nalokhu; isitifiketi sikamatibuletsheni, izincwadi zokushayela, akhulume kahle isiNisi nesiZulu, abe isakhamuzi saseNingizimu Afrika. Sicela uthumelele impilomlando yakho kuleli kheli elingenhla ku Nkk. DC Mhlongo.

Sicashunwe ephephandabeni Isolethu

[30]

Bhala **Impilomlando kanye nencwadi eyisiphelekezelelo.**

2.3 UMLANDO NGOMUFI

Umkhulu wakho obumthanda Bekezela Cele ushone ngokukhulu ukuzuma. Ucelwe umalumekazi wakho ukuba umlekelele abhale umlando ngomkhulu.

Bhala **umlando ngomufi** ozofundwa ngelanga lomgcwabo kamkhulu.

[30]**INGXOXO**

2.4 Buka isithombe esilandelayo bese **ubhala ingxoxo** phakathi kwakho noNkk. Jarggad umchazele ngokubonile kwenzeka emva komdlalo wenu.

**[30]**

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 IKHADI LESIMEMO

Bhala **ikhadi lesimemo** usebenzise isithombe esilandelayo.

**[20]****3.2 IDAYARI**

Uthe ungenele umncintiswano wasemsakazweni lthubalami, waziwinela iholide lezinsuku ezintathu endaweni ethandwa nguwe.

Bhala **idayari** yezinsuku ezintathu ngohlele ukukwenza ngesikhathi uvakashile.

[20]**3.3 UMYALELO**

Umama wakho kanye nabangani bakhe basithokozele isishebo sakho sasemcimbini kadadewenu. Bakucele ukuba ubabhalele iresiphi yesidlo sakhonusebenzisa izithako ozinikiwe

Inyama yenkomo, amazambane, u-anyanisi, isobho lokushubisa, u-green papper, amafutha, ukhari powder, amavegi nokunye ongakudinga.

Bhala **iresiphi** yesishebo senyama senkomo sakho.

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100